

# Isuthikesi

Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguMbongeni Nzimande

Umfanekisi nguElizabeth Pulles   Umhlobisi nguLeona Ingram



ZA_ABP_18_0099_TheSuitcase_Inside.indd 1    6/22/23 15:29



Usuku lomncintiswano wokusina selusondele. Bonke bakhuluma ngalo ngisho nasemgwaqweni ukuthi bazogqokani.

ZA_ABP_18_0099_TheSuitcase_Inside.indd 2 6/22/23 15:29



ULwazi ukhathazekile. Kungabe uzogqokani?
UGogo ukhathazekile – ufuna umzukulu aphumelele.

"Ngiyamkhumbula uMkhulu," uLwazi ecabanga ekhathazekile. "UMkhulu ubezokwazi okufanele kwenziwe."



ULwazi waqhamuka nombono kuGogo. Bazodayisa amathanga esivandeni ukuze bathole imali yokuthenga imvunulo.

ULwazi wangena ephuma edayisa amathanga. Aseluhlaza. Akekho ofuna ukuwathenga.

ULwazi uhleli ekamelweni. Ucabanga azokwenza. Ubona isuthikesi elidala phezu kwewodilobhu. UGogo walibeka kudala.

Seligcwele izintuli. Wagibela esihlalweni ezama ukwehlisa leli suthikesi. Uma elivula, akakukholwanga akubona phakathi.



ZA_ABP_18_0099_TheSuitcase_Inside.indd 9 6/22/23 15:29




Amehlo kaLwazi abuka ngokumangala. Wacabanga ngomncintiswano ozayo.

ULwazi walilinganisa ivesti. Likhulu kakhulu! Umqhele awumlingani ekhanda.

Ujabhile. Konke kukhulu kakhulu, akumlingani.



“Ukhalelani Lwazi?” Kubuza uGogo. “Le mvunulo yinhle kabi!”



ZA_ABP_18_0099_TheSuitcase_Inside.indd 14 6/22/23 15:29

“Cha, akunjalo,” uLwazi ephefumula kakhulu. “Bazongihleka. Buka ukuthi nginjani!”

“Ngiyakwazi engizokwenza,” kuphendula uGogo.



ZA_ABP_18_0099_TheSuitcase_Inside.indd 15 6/22/23 15:29

UGogo wavula umshini wokuthunga omdala. Kade agcina nokuwusebenzisa. Waqala ukuthunga enciphisa imvunulo kaMkhulu.

UGogo wathunga ubusuku bonke. Umncintiswano ungosuku olulandelayo.





Ngosuku lomncintiswano, uLwazi ulele embhedeni uthukuthele. “Angiyi emncintiswaneni. Anginayo imvunulo engizoyibhinca!”

UGogo wamkhombisa imvunulo. Akazange akholwe uLwazi. Imvunulo ibukeka izomlingana kahle!



Wageza ngokushesha uLwazi.
Wabhinca imvunulo.

Yamfanela kahle kakhulu imvunulo uLwazi.
Wathandwa kakhulu emncintiswaneni.

Waphuma phambili emncintiswaneni!
UGogo waziqhenya kakhulu!



Room to Read South Africa
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Isuthikesi*
**The Suitcase**

**Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0100**
**ISBN: 978-1-928441-96-0**

**Ishicilelwe okokuqala iIndwa Publishers.**
**Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguMbongeni Nzimande.**
**Umfanekisi nguElizabeth Pulles noJulie Downing**
**Umhlobisi nguLeona Ingram, nguRiaan Coetzee noKarma Bosman**
**Umhleli nguKatherine Hofmeyr**
**ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.**

**Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.**
**Indwa Publishers**
**Meredale, Johannesburg South, 2091**
**Matthew Jabulani Mngadi | 011 942-5389**

**Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.**

**Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.**